

USARS ushaqe ugwayi ongekho emthethweni wenani lika-R6-million

Tshwane, 30 kuNtulikazi 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ngethimba lawo i-*Customs National Rapid Response Team* ngokubambisana noMnyango wamaPhoyisa bashaqe ugwayi ongekho emthethweni wenani lika-R6-million kubahwebi abambalwa baseCape Town.

Ngesikhathi kugaselwa ngomsebenzi wezobunhloli ngoLwesine mhla zingama-29 kuNtulikazi, kushaqwe amakesi amakhulu angama-443 abequkethe amakhathoni angama-50 ezinhlobo ezahlukene zogwayi.

Lo msebenzi wawuyingxenye kaSARS yokuqinisa ukugxila ohwebeni olungemthetho losikilidi nemikhiqizo kagwayi ngenhloso yokuvikela imboni yakuleli kanye nomnotho wonkana. Ukubandakanywa kwamanye ama-ajensi kuveza indlela kahulumeni yokusebenzisana lapho iminyango eyehlukene ibambisana ukuze kusetshenziswe kahle izinsiza, kube nomthelela omkhulu futhi kubonakale.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe ukungeniswa ezweni kogwayi ongekho emthethweni kanye nezinye izimpahla ezifana nezingubo nezindwangu, imithi mbumbulu noma amakhambi mbumbulu, kanjalo nezimoto ezingamasekeni, phakathi kokunye, kubulala imboni yakuleli futhi kunesandla ekuncipheni kwemisebenzi.

“Lezi zenzo ziphuca izwe lethu imali eliyidingayo eyelekelela uhulumeni akwazi ukuhlinzeka ngezidingongqangi kwabahlwempu nabasengozini, ezifana nezimpesheni zobudala, nokwehlisa umthwalo emahlombe amabhizinisi adonsa kanzima nezisebenzi zawo kulandela izibhelu zakamuva.”

Wengeze ngokuthi le mikhiqizo inobungozi kwezempilo zabathengi njengoba izimpahla ezingene ezweni ngokungemthetho zingathobeli imigomo yezempilo yaseNingizimu Afrika futhi iwubungozi kakhulu kwezempilo yababhemayo.

“Kukhona nokuxhumana okujulile phakathi kwalezi zenzo namaqembu obugebengu bamazwe omhlaba abandakanyekayo ekuthunjweni kwabantu, ukuntshontshwa kwezibhamu, ukushushumbiswa kwezidakamizwa kanye nobuphekula.

“USARS unomyalelo wokuxhumanisa ukuhweba okusemthethweni futhi angeke akubekezelele ukuhweba okungemthetho okulimaza umnotho wethu nabantu bethu, ohambisana nesikuphokophele kokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abangayithobeli imigomo yethu yentela neyentela yempahla engenayo nephumayo.”

Ngezansi, buka izithombe kugaselwa eCape Town.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za

